Namhlanje angiyi esikoleni.

Yiholide!






Namhlanje angeke ngiwubuke umabonakude.

Awukho ugesi.

Ngizokwenzani?
Namhlanje ngizolalela
umzimba wami!

Uyawuzwa umzimba
wakho?






Okokuqala kumele ngithule, ngithulisise.

Ukuze ngilale umzimba wami.

Yebo , manje ngiyawuzwa umoya wami.

Donsa...khipha...

donsa...khipha...





Futhi ngingawenza umoya ube nomsindo...

Sssssssssssssss!

Futhi ngingawenza ube phansi Mmmmmmmm.



Manje ngiyayizwa inhliziyo yami ishaya!

Dudum,
dudum,
dudum.

Ngingayenza inhliziyo yami ishaye ngamandla futhi ngokushesha?

Yebo, ngingagxumagxuma kufikela kumashumi amabili.





Awubheke inhliziyo yami isishaya ngamandla.

Dudum,
dudum,
dudum!




Futhi uma ngibeka iminwe yami esihlakaleni, ngiyakuzwa ukushaya kwegazi!

Ngabe iminwe iyezwa?

Futhi ngiyakwazi ukuzizwa ngihleka.

Haha
haha
haha
hahahha!





Noma ngikhala

Hhi, hhi, hhi.

Noma ngishaya izandla

Pha, pha, pha!





Phezu kwako konke
ngiyasizwa isisu sami
sikhala

gudu
gudu ...

Sithi, "Ngiphe ukudla ,ngiphe ukudla."






Ikhala lami liyalizwa iphunga ekhishini, elikamama?

Ngabe ikhala liyezwa?

Kumnandi ukulalela
umzimba wami.

Manje ngifuna ukuzwa
imihlathi yami ihlafuna.





Kumnandi ukulalela umzimba wami!

Manje ngifuna ukuzwa imihlathi yami ihlafuna.

